# “Wenyukela phezulu wapha abantu izipho.”

Mayelana nokufika kwalesisiphiwo sokuphulukisa, nginganilandisa kuphela engakubonayo lapho sifika kimi. Kuyinkolelo yami eqotho nethembekile ukuthi iziphiwo zinqunywa emaphakadeni nguNkulunkulu. Abaningi abakholelwa ekunqumeni emaphakadeni, kodwa kufakazelwe yimibhalo ukuthi eziningi izehlo zeBhayibheli bezinqunywa emaphakadeni ngokwaphezulu. Isibonelo nje, ukuzalwa kukaKristu kwanqunywa emaphakadeni kusukela eNsimini yase Edeni. Futhi cishe iminyaka engama 712 ngaphambi kokufika kukaJohane umBhaphathizi, ulsaya wabona futhi wakhuluma ngaye njengoyizwi elimemeza ehlane. Umprofethi uJeremiya washo ukuthi engakabunjwa esizalweni sikanina, uNkulunkulu wamazi futhi wamgcobela ukuba ngumprofethi phezu kwezizwe. Ngikholwa ngukuthi ukunqunyelwa emaphakadeni kubophezeleke kulesisiphiwo ngenxa yalesisizathu futhi: ngangingenasizinda senkolo. Abazali bami babengabezinkolo ezahlukile futhi ngenxa yalokho, angizange ngilubhade esontweni.

Okokuqala lapho engaba nomqondo khona wokuthi ikusasa laliphetheni, nganginеminyaka ethi ayibe yisikhombisa ubudala, ngisanda kungena nje esikoleni endaweni yasemaphandleni amamayela ambalwa enyakatho yeJeffersonville, e Indiana, lapho ubaba wami wayengumshayeli wangasese khona emndenini ocebile. Ngangihlale ngikuthanda ukudoba nokuzingela. . .ngisho nokuphenduka kwami akuzange kukukhiphe lokho kimina. . . nangalowo Septemba kamuva ntambama abanye babafana

babehle baya echibini lezinhlanzi zomthombo amastokwe ukuyodoba, ngenkathi mina ngithwele amanzi kababa wami. Ngiyadabuka ukunitshela ukuthi amanzi ayezosetshenziselwa ini. Ubaba wami wayephuza kakhulu kabi, futhi nakulesisikhathi esinje babenza ugologo, ngakho kwakufanele ngithuthezele amanzi ngiwayise emishinini yokuthonsisa ugologo, eyayizobe isebenza ngalobobusuku. Sengehla ngomsele, ngabeka phansi amabhakedana ami katiligi ngathi fofololo phansi ngaphansi kwesihlahla ukuba ngiphumule imizuzwana, ngikhala ngoba ngingakwazi ukuyodoba nabanye abafana. Ngisahleli lapho ngasesihlahleni, kukhona okwenzekayo engingasoze ngakukhohlwa. Kwaba sengathi, kwakukhona umsindo wokuvunguza komoya emacembeni, kodwa, sengibheka phezulu, angibonanga macembe enyakaziswa nanoma yiluphi uphawu lomoya. Ngahlala ngathula, ngethukile ngimangala ukuthi lowomsindo ubuqhamuka ngaphi, lapho sengiwuzwa futhi, ngakho ngacosha amabhakede ami ngaqala ukwenyuka ngomsele. Ngalesisikhathi kwafika futhi, sekuwumsindo omkhulu kunakuqala, futhi lapho ngiqalaza ngemuva ukubona ukuthi kade kwenzekani, ngaqaphelisisa ukuthi cishe ingxenye ukuya phezulu esihlahleni lapho kwakubonakala kuyisikhwishikazana, lapho khona izwi elizwakalayo lakhuluma lamazwi: “Ungalokothi ubheme, uphuze, kumbe ungcolise umzimba wakho noma ngayiphi indlela, ngokuba kuyoba nomsebenzi wakho oyowenza uma usukhulile.” Ngesaba kakhulu angazanga ukuthi kufanele ngenzenjani. Ngikhala ngigijima ngiya endlini, ngawela ezingalweni zikamama wami, owacabanga ukuthi ngilunywe yinyoka. Ngamtshela ukuthi ngangesaba nje, ngakho wangibeka embhedeni futhi wayezobiza udokotela, ecabanga ukuthi ngangiguliswa ukwethuswa ukwesaba.

Manje, bangane, ngiyazi ukuthi abantu abaningi bazoweyisa lomlando, kodwa ngingeke ngaba necala lalokho okushiwo abanye. . .nginecala lokwabonwa yimina kuphela. Akudingeki noma ngize ngisho, angiphindange ngadlula ngakuleso sihlahla. Ngangigega ngehle ngenye indawo yasengadini ukusibalekela, ngoba ngacabanga ukuthi kwakukhona indoda phezulu kulesosihlahla. Ngiyakholwa nokho kwakukhona indoda emthini. Kwakuyingelosi kaNkulunkulu, futhi kamuva eminyakeni, ngabonana nayo ubuso nobuso futhi ngakhuluma nayo.

Emavikini ambalwa emva kwalokho, ngangidlala izimabula nomfowethu, lapho ukuzwa okungejwayelekile kufika phezu kwami. Ngashona phansi eceleni kwesihlahla, futhi, sengathi ngiqulekile, ngabona ibhuloho eligxamalaze kakhulu liphakama futhi linqamula umfula, futhi ngabhekisisa ngenkathi abantu abaningi bewela emfuleni baminza. Sekuthe dwe kimi, ngagijima ngatshela umama wami, futhi waphinda waphetha ngokuthi ngangingumntwana onokwethuka nje. Iminyaka engamashumi amabili kusukela kuleso sikhathi, ibhuloho lakwaMasipala lakhiwa lanqamula uMfula iOhio, futhi nalelonani elifanayo lamadoda ayizisebenzi laminza, ewa esuka ebhulohweni. Niyabo, lezizinto azizanga ngomkhuleko noma ngesifiso, kodwa zazinqunywe emaphakadeni ngokwaphezulu ngentando kaNkulunkulu.

Isehlo esilandelayo salesisimo safika ngelinye ilanga lapho ngisaya emfuleni nobaba wami nenye indoda. Babenginikeze utshwala bukagologo, futhi ngoba ngangifuna ukunconywa yindoda ukuze ingivumele ngisebenzise isikebhe sayo, ngaqala ukubuthatha utshwala. Kodwa ngempela nse njengoba ngikhuluma namhlanje, ngawuzwa lowomsindo onjengokunyakaza kwamacembe. Ngiqalaza,

futhi ngingaboni macembe kumbe uphawu lomoya, ngalibeka futhi ibhodlela ezindebeni zami, ngenkathi ngizwa umsindo ofanayo, usuthe ukuba mkhudlwana. Ngagcwala ukwesaba njengasekuqaleni; ngawisa ibhodlela ngabaleka, ngenkathi ubaba wami engibiza ngesitabane. O, lokho kwakubuhlungu kangakanani! Kamuva, ngabizwa ngesitabane yintombi yami yasebusheni ngenkathi ngiyitshela ukuthi ngangingabhemi. Ngithukutheliswe ukugcona kwayo, ngawuthatha usikilidi futhi ngangizowubhema noma kanjani; ngenkathi ngiboshwa yilowomsindo ojwayelekile, ungenza ukuba ngiwutshinge phansi usikilidi futhi ngisuke enkundleni ngikhala ngoba ngangingafani nabanye abantu abasha, lapho uhleko lwesixuku luzwakala ezindlebeni zami. Lezi zingeziyingcosana nje ezintweni eziningi ezifanayo ezenzeka kusukela phansi empilweni. Kwakuhlala njalo kukhona lokho kuzwa okungejwayelekile, sengathi kukhona omi eduze kwami, ezama ukusho okuthize kimi, futhi kakhulukazi uma ngangingedwa. Akukho noyedwa owayengiqonda nhlobo. Abafana engangizihlanganisa nabo babengenandaba nami ngoba ngingabhemi kumbe ngiphuze, futhi onke amantombazane ayehamba imidanso, futhi mina engangingazimbandakanyi nanayo, ngakho kwakubonakala ukuthi kukho konke ukuphila ngangingumuntu owonakele womkhaya nje, ngingazi namunye owayengiqonda, futhi ngingaziqondi ngisho nanami uqobo. Kodwa ngangingazi ngalesosikhathi ukuthi ikusasa elikhulu laliphetheni njengoba sengazi manje.

Isehlo esilandelayo esimqoka engisikhumbulayo safika cishe ngesikhathi sengisondele eshumini nesishiyagalolunye leminyaka ubudala. Ngangihambahamba ngidabula ezinkundleni zemidlalo ngobunye ubusuku nabanye abafana,

ngenkathi kumemeza izwi, "Awusho, wena! Woza lapha!" Ngiqalaza ngemuva, ngabona inkosazana esencane ihlezi phansi kwethende, iwusonkanyezi. Yangiqhweba ukuba ngize ngakuyo, futhi, ngicabanga ukuthi yayifuna ngiyenzele okuthize, ngaphoqeleka. Yathi, "Awusho, uyazi ukuthi wazalwa ngaphansi kwesibonakaliso futhi kukhona inkanyezi ekulandelayo na? Wazalwa nesiphiwo." Nebala, abafana bangigcona ngokuthi 'nginesiphiwo', ngakho ngazama ukukwedlulisa ngamazwana enkosazaneni, eyangitshela ukuthi noma ngiyicasukele ngokungitshela lokho, ngelinye ilanga ngiyoqonda ukuthi yayichaza ukuthini. Ngazama ukuzifuqela emqondweni wami ngemuva lezizinto, ngisebenza emisebenzini eyehlukene, angizange ngeneliseke, ngisuke kulendawo ngiye kuleyandawo, ngizwa ubuhlungu bokufa komkami nomntwana, neziningi ezinye izinsizi ezazicishe zibe ngaphezu kokuba zingathwalwa yinhliziyo yomuntu. Ngafuna ukuthula nokwaneliseka kukho konke okucatshangwayo, kodwa engathithi kukhona indawo ethi ayibe ngamayintshi alishumi ngaphezu kobambo lwesihlanu lomzimba womuntu engasoze yagcwala kuze kungene uKristu. Futhi ngaphandle kwezinhlupheko zami qho, kwakuhlale njalo kukhona lokho kuzizwela into engengamayo, yengeza ekuhluphekeni kwami. Ekugcineni, uthando lwami lwezemvelo lwangiletha emsebenzini wokuba yiphoyisa lasesiqiwini sezwe lase Indiana, owangisa ezingxenyeni ezehlukene zezwe.

Ngelinye ilanga ngangimi ebhasini eyayiminyene ngiya eHenryville, e Indiana, futhi, ngizwa kukhona owayengibuka, ngaphendukela emehlweni ampunga amabili ayethe njo, okwakungawentombi eyayibonakala iyinhle kakhulu. Yathi kimi, "Unesizungu, awunaso na?"

“Cha ma’,” Ngaphendula futhi ngaqhubeka nokuzibukela efasiteleni, ngicabanga ukuthi yayikhangwe yinyumfoma futhi ithanda ukukhuluma nje.

Yakhuluma futhi, “Mhlawumbe kungcono ngizichaze. Ngingusonkanyezi.”

“Awu,” Ngacabanga, “Ake ngizwe ukuthi uzothini.”

“Impela uyakucasukela lokhu, awunjalo na?”

“Yebo ma’, nginjalo.”

“Ucabanga ukuthi ngifuna ukukhuluma nawe ngenkolo, awunjalo na?”

“Angazi.”

“Uyakholwa, awunjalo na?”

“Chabo ma’.”

“Mhlawumbe ngingakutshela okuthize ngawe uqobo. Ungowasentshonalanga awusuye na?” engibuza.

“Cha ma’.”

“Ngakho ufuna ukuya entshonalanga.”

“O kuhle, lokho kwehlukile. Bengihlale ngikufuna ukuya entshonalanga,” ngaphendula, ngicabanga ukuthi ngizomyeka aqhubeke akhulume bese ngiqhathanisa nalokho okwakushiwo omunye usonkanyezi.

“Isizathu salokho esokuzalwa kwakho,” waqhubeka.

“Wazini ngokuzalwa kwami?” Ngibuza ngokumangala.

“Nsizwa, uma ngikutshela sona ngempela isikhathi owazalwa ngaso, uzongikholwa na?”

“Kuhle, ngingumuntu ofuna umsuka wendaba, futhi uma umuntu engitshela iqiniso, kufanele ngilikholwe,”

ngaphendula. Futhi ngisakukholwa lokho—uma kuliqiniso, liqiniso.

Kuhle, ungangibuzi ukuthi wakwenza kanjani, kodwa wangitshela ngisho umzuzu engazalwa ngawo. Kwakukhona itilosi eliselincane elalimi emva kwami, futhi ngambuza ukuthi angalitshela yini ukuthi lazalwa nini. Wathi angeke, futhi, ngingakuqondi lokhu, ngambuza ukuthi kungani etshela mina kodwa angalitsheli lona. Wathi yingoba kwakukhona isibonakaliso esasingilandela. . .nenhliziyo yami yacwila, ngoba kwabuyisa kabusha inkumbulo yalokho engangikutshelwe ngabanye. Wangibuza ukuthi ukhona yini usonkanyezi owake wakhuluma nami ngaphambili, futhi ngamtshela ukuthi qhabo, ngiqamba amanga entombini.

"Kukhona okwaziyo ngoJesu Kristu na?" ebuza.

"Ngiyazi wayefanele ukuba yindodana kaNkulunkulu," kwaba yilokho kuphela engangingakusho.

"Kukhona okwaziyo ngokuthi wazalwa kanjani na?. . .Yini eyeza ukuzomkhonza kuqala na?"

"Izazi ezintathu, uma ngikhumbula kahle."

"Zazilandelani na?" waqhubeka.

"Inkanyezi, ngiyakholwa."

"Kunjalo. Ngakho kufanele ukuthi zazingosonkanyezi, ngoba zazibheke izinkanyezi," wagcizelela. "Nsizwa, ngike ngakhuluma namadoda eWhite House. Ngamexwayisa kungakenzeki uMongameli Harding ngokufa kwakhe okungejwayelekile, futhi kukhona engifuna ukukhuluma ngakho kuwe. Wazalwa phansi kwenkanyezi ethize ukuba ube ngumuntu onesiphiwo. Akukho mfundisi osewake wakutshela ngalokho na?"

"Angihlangene nalutho nabefundisi," ngaphendula.

"Ngakho-ke ngilalele: Ngenkathi uJesu Kristu ezalwa, kwakukhona izazi ezintathu zivela eMpumalanga ezalandela lokho ngokuvamile okwaziwa ngokuthi yinkanyezi; kodwa eqinisweni kwakukhona izinkanyezi ezintathu ezahlangana eBetlehema, futhi zahlangana ndawonye, zenza inkanyezi eyodwa eyalenga phezu kukaKristu. Ngalesosikhathi, uNkulunkulu wathumela iSipho esikhulu kunazozonke Asake wazinikeza izwe, iNdodana yaKhe ezelwe eyodwa. Lapho izazi sezihamba, lezozinkanyezi ezintathu zehlukana futhi azikaze zihlangane ndawonye kusukela lapho. UNkulunkulu njalo umemezela imisebenzi yaKhe emazulwini ngaphambi kokuba Ayimemezele emhlabeni, nalezizazi zazibheke isiprofetho sikaBalamu ukuthi inkanyezi iyakuvela kuJakobe," waqhubeka, ecaphuna eminingi imibhalo engangingayejwayele, kodwa ngalalelisisa lapho eqhubeka. "Manje lezizinkanyezi azikaze ziphinde zihlangane ndawonye futhi, kodwa njalo eminyakeni embalwa zinqamula ezindleleni zazo emkhathini wesibhakabhaka, futhi nxa lokhu kwenzeka kukhombisa ukuthi ekwethulweni kokuzalwa kukaJesu, kukhona esinye isipho esithunyelelwe emuva emhlabeni. Futhi ngenkathi uzalwa, lezizinkanyezi zanqamula. Bekukhona inkanyezi ebikulandela ngesikhathi ugibela ibhasi eJeffersonville; ngibone inkanyezi phezu kwakho, futhi angiqondi ukuthi kungani abanye bengakutshelanga ngayo ngaphambi kwamanje."

*Funa bangaqondi, kamuva ngizokhombisa ukuthi umkhuba wokufundwa kwezinkanyezi awusikho okombhalo futhi ngempela akufanele umKristu adlalele kukho (Isaya 47:13-14) futhi lengxoxo yombheki wezinkanyezi ngenkanyezi kaKristu kuyincazelo yakhe, futhi akutholakali*

*emibhalweni. Kodwa kuphathelene nomBhalo ngokuba ngisho noSatane uze anikeze ubufakazi esiphiweni sikaNkulunkulu, futhi yilesosizathu sami sokuba ngilande ngalezizingxoxo.*

Ngalesosikhathi-ke, nawe ungabona ukuthi ngangizizwa nginjani. Sengifika lapho engangiya khona, ngayibonga intombi ngase ngiphuma ebhasini, kodwa angikuxoshanga ukuzwa okungejwayelekile okwakuyilokhu kuqhubeka kungengama, kungibangela ukwethuka nokuba netweletwele, ukuhlupheka macala onke kubantu, nokho ngesaba ukuba ngedwa, kwesabisa njalo uma umoya uvunguza. "Ngabe konke kuchazani na?" Ngangilokhu ngihlale ngizibuza njalo. Esikhathini esithize emva kwalokho ngaphenduka nganikela impilo yami kuKristu. (Ngibhale indatshana emfushane yempilo yami encwajaneni ebizwa ngokuthi "UJesu Kristu nguYe iZolo, Namuhla naPhakade.") Emva kokuphenduka kwami, okwenzeka endlwaneni encane emva kwendlu yakithi, ngangena esimweni sebandla iBaptisti ngase ngiba yilunga lendawo, ngokugcotshwa nguDr. Roy Davis wase Jeffersonville. Emva kwemvuselelo yethende eyaba nempumelelo lapho, bangakhela itabernakele, elisalokhu likhona ku 8th no 10th Streets, elaziwa nge Branham Tabernacle, futhi iminyaka eminingi ngangilokhu ngiphumelela njengomfundisi, sengibhaphathize izinkulungwane eziningi zabantu futhi ngibona okuningi ukuphenduka enkazimulweni kaNkulunkulu usomandla. Ngisho nalapho ngangiba nempumelelo ekukhulekeleni abagulayo, nanokuba ngangingakazi nokho ukuthi konke kwakumayelana nani, futhi izikhathi eziningi imibono nezinto ezifihlakele zazifika kimi, abantu abaningi abakhele iJeffersonville abangakufakazela. Ngelinye ilanga ikakhulu engingakusho: Ngangisendaweni ethize eMfuleni iOhio,

ngibhaphathiza isibalo esiningi sabaphendukileyo, phakathi koquqaba olukhulu lwabantu ababebuthene onqenqemeni ukubona inkonzo. Kwakuyintambama efudumele, nalapho lapho izibhakabhaka zazinjengethusi, inkanyezi enkulu ekhazimulayo yafika yalengela phezu kwalapho engangimi khona. Abaningi benu bazokhumbula bekufunda lokho emaphephandabeni. Iqhamuke kaningi kusukela lapho. Esikhathini esadlule ngangisedolobheni elibanzi enkonzweni yobusuku obuthathu, phakathi kwamakhulu amaningi abantu. Owokuqala engamkhulekelayo kwaba ngumntwana omncane, ozinyawo zakhe zazifinqwe yisifo esivama uthwebulo wezitho ezinganeni, simbangela ukuba ahambe phezu kwezinzwane zakhe. Ngokujwayelekile ezinkonzweni zethu, izethameli zazihlala zikhothamise amakhanda ngokuzithoba ngenkathi ngimphethe ngezingalo zami umfana futhi ngangimkhulekela, ngenkathi kubonakala engathi ukukhanya okukhazimulayo kwakubhekiswe ngakimi. Ngamangaliswa ukungahloniphi komgcini ukuba abhekise ngakimi ilambu elixhophayo, futhi ngenkathi ngivula amehlo ami ngokumangala, nakho phambi kwami kumi inkanyezi yokusa! Ngawisa umfanyana, kumbe yena wagxuma waphunyuka ezingalweni zami. . .angizange ngazi ukuthi kwenzekeni, ngoba kwabonakala sengathi yonke imizwa emzimbeni wami yayingasebenzi. Wathi lapho eshaya phansi izinyawo zakhe zaphila, futhi okokuqala nqa empilweni yakhe wahamba ngokusobala esuka emsamo. Izethameli zahlokoma; unina waquleka; intombazane ewumNazaretha, eyayingumngane womntwana, yayidlala upiyano, "INyang'eNkulu," futhi lapho ibona isimangaliso esenziwe yiNkosi yethu uJesu igugu, yagxuma yaya phezulu yabaleka amafidi alishumi nanhlanu isuka opiyaneni, izandla zayo ziphakeme, ikhala imemeza. . .futhi ngiyazi kuzwakala

kungakholakali, kodwa amakhulu angakufakazela lokhu. . . lolopiyano aluzange lugeje nelilodwa inothi, kodwa lwaqhubeka nje nokudlala leloculo. Eziningi izinto ezenzekayo. Abantu abangaphezu kwamakhulu ayisikhombisa banikela izinhliziyo zabo kuKristu ngalobobusuku. Iningi lenu bantu elalilapho nizokufunda lokhu. . . uNkulunkulu anibusise. Ngisazama ukwenza konke engingakwenzela uKristu.

Manje ngendlela yokuchaza mayelana nombuzo ohlale uqhamuka njalo. Abefundisi abaningi bebengibuza, "Mfowethu Branham, ucabangani ngokufundwa kwezinkanyezi na? Lokhu ukwenza ngamandla okufundwa kwezinkanyezi, futhi uma kungenjalo, yini pho uqhakambise labo osonkanyezi ngokuthi baprofethe ngalento na?" Kuphela ngingasho lokhu: ngitshele indawo eyodwa emhlabeni lapho amandla okufundwa kwezinkanyezi esindisa khona abagulayo. Kubo bonke abagqolozela izinkanyezi, ababhuli, abanamathongo, njll. izwe elibaziyo, ngitshele lapho oyedwa oseke wavula amehlo empumputhe, wenza ukuthi isithulu sizwe kumbe isimungulu ukuba sikhulume. Yinye kuphela indlela. . .kungegama likaJesu Kristu negazi laKhe elaphalala eKalvari. Kodwa okuyisimanga kakhulu kimi, (ezinsukwini ezedlulayo ngokunjalo nanamuhla,) amaqiniso njengalokhu okulandelayo: ngenkathi iSipho silele emkhombeni, abapristi babesethempelini bephikisana ngokuthi ngabe kwakukhona noma qha ukuvuka kwabafileyo, futhi ngesikhathi esifanayo, iqembu lezazi lafika livela kude futhi lasiqonda iSipho sika Nkulunkulu kuwo umhlaba. Impela, ngithi ukufunda izinkanyezi kungokwamanye amandla, kepha ngisho nodeveli uyafakaza ngesipho sikaNkulunkulu. Noma ngabe lezozazi zazingobani noma zaziyini. . .za *kwazi* ukufakaza ngesipho

sikaNkulunkulu futhi zafika ukuzomkhonza ngaphambi kokuba kwenze abapristi etempelini. Kanjalo ngenkathi uPawulu noSila beseFilipi, nabapristi nabefundisi bomuzi babebabiza ngabakhohlisi futhi bayala ukuba baphonswe etilongweni, umbhuli othize omncane wamemeza kakhulu kubantu ukuthi labobantu babethunywe nguNkulunkulu ukubakhombisa indlela yensindiso. Akumangalisi yini ukuthi lentombazanyana eyisigqila, enomoya omubi, yawaqonda amandla kaNkulunkulu kuPawulu nakuSila, lapho izikhulu zingazange ngisho zibamukele. Kwakungamangalisi yini lokho, kwesinye isehlo, ngenkathi abaningi babethi uJesu wayenguBelzabube, amademoni ekumuntu amemeza kakhulu futhi athi ayemazi ukuthi Wayengubani. . .udeveli evuma ubukhulu baKhe, kepha abaFarisi bethi Wayengudeveli. Futhi kunjalo nanamhlanje, ukuthi abaningi bayangabaza futhi bayaqophisana phakathi kwabo ngezimfundiso zabo nezichasiselo ezibonwa ngokuzicabangela, nokuvimbela abantu bangezi ezinkonzweni zokuphulukiswa, ngenkathi isipho saphezulu sikaNkulunkulu sisebenza emhlabeni futhi abaningi besigeja. O, befundisi! Ngiyethemba kuNkulunkulu ukuthi nizophaphama. Hhayi ngoba ngenziwa umthwali walesisiphiwo; angihlangene nokufika kwaso. . .uNkulunkulu owasithumelayo. Ngenkathi abantwana bakwaIsrayeli besezansi eGibhithe bekhalela umkhululi, uNkulunkulu wathumela ingelosi yaKhe kuMose. UMose wayengahlangene nakho. . .kwakuyingelosi kaNkulunkulu eyenza umsebenzi, eyenza izimangaliso. UMose wayengumlomo nje wengelosi kaNkulunkulu; futhi yilokho kuphela engiyikho namhlanje. . .umlomo wengelosi nje.

Kufanele nginitshele ngengelosi nokufika kweSiphiwo. Angisoze ngisikhohlwe isikhathi, uMeyi 7, 1946. . .inkathi

enhle kakhulu yonyaka elndiana, lapho engangisasebenza khona njengephoyisa lezinyamazane. Ngangiye ekhaya ngiyodla ilantshi, futhi ngihamba nje ngizungeza indlu ngibeka phansi isibhamu sami, ngenkathi umngane wami othandekayo esondela kimi wase engicela ukuba ngihambe naye siye eMadison ngaleyontambama. Ngamtshela ukuthi akunakwenzeka ngoba kwakufanele ngiqaphe, futhi ngenkathi ngizungeza indlu phansi kwesihlahla sommepula, kwabonakala sengathi lonke ichopho lesihlahla lalikhumukile. Kwabonakala sengathi kukhona into eyehlele kulesosihlahla njengesivunguvungu esikhulu... Ngabhadazela... bagijimela kimi... umkami waphuma endlini, esaba, futhi wangibuza ukuthi bekwenzenjani. Ngizama ukuzibamba, ngahlala phansi futhi ngamtshela ukuthi emva kwayo yonke leminyaka eve emashumini amabili yokuvama ukuhanjelwa yilokhukuzwa okungejwayelekile, isikhathi sasesifikile sokuba ngithole ukuthi bekuyini yonke lento, kungenjalo angisophinde ngibuye. Elamanqamu lase lifikile. Ngatshela yena nomntanami ukuthi abasale kahle, ngamexwayisa ukuthi uma ngingabuyanga ezinsukwini ezimbalwa, angalokothi angifune. Futhi lapha, mfundi othandekayo, yingxenye yalesisehlakalo esiyimfihlakalo esimayelana nokuphulukiswa kwakho, ngakho funda usemkhulekweni nangokunakekela. Ngaleyontambama ngasuka ngaya endaweni efihlakele ukuba ngikhuleke ngifunde neBhayibheli lami. Ngajula emkhulekweni; kwaba sengathi umphefumulo wami wonke uzodabuka kimi. Ngakhala phambi kukaNkulunkulu... Ngabeka ubuso bami emhlabathini... Ngabheka phezulu kuNkulunkulu ngakhala, "Uma uzongithethelela ngendlela engenze ngayo, ngizozama ukwenza okungcono... ngiyaxolisa ukuthi benginganaki kangakanani kuyo yonke leminyaka ekwenzeni umsebenzi

obufuna ngiwenze. . . ungakhuluma nami ngandlela thize, Nkulunkulu na? Uma ungangisizi, angikwazi ukuqhubeka." Kwase kuthi ebusuku, cishe ngehora leshumi nanye, ngase ngiyekile ukukhuleka futhi ngangihlezi ngezinqe lapho ngiqaphelisisa ukukhanya kulokoza endlini. Ngicabanga ukuthi kukhona owayeza nobukhanyikhanyi, ngalunguza phandle ngefasitela, kodwa kwakungekho muntu, futhi lapho ngibheka ngemuva, ukukhanya kwakwanda phansi, kuya ngokuba banzi. Manje ngiyazi lokhu kubukeka kuyisimanga kuwe, njengoba kwenza nakimi futhi, kodwa khumbula, ukuphulukiswa kwakho kuncike ekutheni uyakukholwa noma qha, njengoba uzobona kamuva. Ngenkathi ukukhanya kwanda, kusobala ngethuka kakhulu ngasuka esihlalweni, kodwa lapho ngibheka phezulu, nakho kulenga leyonkanyezi enkulu. Nokho, yayingenayo imicijo emihlanu njengenkanyezi, kodwa kakhulukazi ibukeka njengebhola lomlilo kumbe ukukhanya, kukhanyisa phansi. Khonamanjalo ngezwa umuntu ehamba enqamula phansi, okwaphinda kwangethusa futhi, njengoba phela ngangingazi muntu owayeza lapho ngaphandle kwami. Manje, okwakuza ekukhanyeni, ngabona izinyawo zomuntu ziza ngakimi, ngempela nje njengoba nawe ungahamba uze kimi. Wabonakala eyindoda eyayithi, ngokwesisindo somuntu, ayisinde amaphawondi cishe angamakhulu amabili, egqoke ingubo emhlophe, enobuso obesulekile, engenayo intshebe, kodwa enezinwele ezimnyama zehle zashaya emahlombe akhe, ensundu ngebala, enobuso obuthokozisa kakhulu, eza esondela, amehlo akhe ahlangana nawami, futhi ebona ukuthi ngangesaba kakhulu, waqala ukukhuluma. "Ungesabi. Ngithunywe ngivela ebukhoneni bukaNkulunkulu uMninimandla onke ukukutshela ukuthi impilo yakho engejwayelekile nezindlela zakho ezingaqondakali

bekungukubonakalisa ukuthi uNkulunkulu ukuthumele ukuba uthathe isiphiwo saphezulu sokuphulukisa usise kubantu bomhlaba. UMA UYOBAQOTHO, FUTHI UNGATHOLA ABANTU BAKUKHOLWE, AKUKHO LUTHO OLUYOMA PHAMBI KOMKHULEKO WAKHO, NGEKE NGISHO UMDLAVUZA IMBALA." Amazwi angeke achaza ukuthi ngazizwa nginjani. Wangitshela izinto eziningi engingenayo indawo yokukubeka lapha. Wangitshela ukuthi ngiyokwazi kanjani ukubona izifo ngokudikiza esandleni sami. Wasuka wahamba, kodwa bengiyilokhu ngimbona izikhathi eziningi kusukela lapho. Ubonakele kimi, mhlawumbe kanye noma kabili esikhathini sezinyanga eziyisithupha futhi ukhulume nami. Izikhathi ezimbalwa ubonakele siqu sakhe phambi kwabanye. Angazi ukuthi ungubani, kuphela ngazi ukuthi uyisithunywa sikaNkulunkulu kimi.

Akudingeki nokuba ngize ngisho, ngaqala ukukhulekela abantu abagulayo. Angizisho ukuthi ngithatha indawo kadokotela. . .ngicabanga ukuthi uNkulunkulu wabeka odokotela lapha ukuba basize imvelo, kodwa bangabantu kuphela. . .uNkulunkulu ungumninimandla onke. Izinto ezinkulu ezenzekile kulezizinyanga ezingamashumi amabili-nanye ziningi kakhulu ukuba zingake ziqoshwe, kepha uNkulunkulu uwagcizelele amazwi engelosi izikhathi ngezikhathi. Izithulu, izimungulu, izimpumputhe, zonke izinhlobo zezifo ziphulukisiwe, nezinkulungwane zezimfakazo zisemlandwini namhlanje. Anginawo amandla okungawami ukwenza lokhu. . .ngingumuntu ongenalusizo ngize ngizwe ubukhona baKhe. Abantu abaningi abake bahambela lezizinkonzo bayazi ukuthi izifo zabo nezono batshelwe zona khona emsamo. Mfundi othandekayo, ngiyakunxusa ungabi ngongayiqondiyo indlela yami eyize, yokuzama ukwedlulisela konke lokhu kuwe. Ngikusho ukuze ubenokuqonda

okucacile kokuthi sizuzwa kanjani isiphiwo sikaNkulunkulu. Wangitshela ukuba ngibeqotho futhi ngithole abantu bakholwe, futhi yilokho engizama ukukwenza. Khumbula, asilokothi sibuze ikhono likaNkulunkulu; siyazi ukuthi Angenza konke, kodwa inkinga eyokuba uthole umuntu oyedwa ukuba akholwe ngomunye. UNkulunkulu njalo unokuthile kumbe omunye azosebenza ngaye, futhi ngiyithuluzi kuphela elisetshenziswa nguYe. Akukho muntu ongazitusa ngokwenza isimangaliso, futhi ngingumuntu nje. Angazi ukuthi kuyoba yisikhathi eside kangakanani uNkulunkulu engivumela ukwenza lokhu, kodwa ngomusa waKhe, ngizimisele ukuMkhonza ngakho konke engikwaziyo ngokukhonza abantu baKhe inqobo nje uma Esangivumela ukuba ngiphile.

Sengigcina, kinina enifuna ukuphulukiswa kulezizinkonzo. Angishiye lemigomo emibili okufanele niyilandele, ukuze namukele lokho enikubheke kuNkulunkulu.

1. Nifanele nikholwe yilomlando enginitshele wona, nokuthi lesisiPhiwo sokuPhulukisa, esanikezwa yiNkosi uJesu Kristu, siyisu lokuthi uNkulunkulu ulungisele ukuphulukiswa kwenu.

2. Thembisani ukuphilela uNkulunkulu ngenhliziyo yenu yonke izinsuku zonke zokuphila kwenu.

Voice Of God Recordings, South Africa Office

P.O. Box 178, Somerset West, 7129 Cape Province, Republic Of South Africa

ZULU

©1992 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

www.branham.org

